GR9 – P4

# TONGAAT SECONDARY SCHOOL

## ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA

### UKUHLOLWA KWAPHAKATHI NONYAKA-2019

**IBANGA- 9 P4**

UMHLOLI : MNU S. BALOYI

UMCWANINGI : NKK B.H MKWANAZI

AMAMAKI : 60/6=10

ISIKHATHI : 1.5 AMAHORA

## IMIYALELO KUBAFUNDI

- Leli phepha liyizigaba ezintathu
- Ziphendula zontathu izigaba
- Ungaxovi izimpemdulo zakho
- Fundisisa kahle imibuzo ngaphambi kokuphendula

ISIQEPHU A = KWASA NGOKUNYE

ISIQEPHU B = IQHINGA ELIHLE

ISIQEPHU C = UTHANDO OLUNJANI LOLU?

## ISIQEPHU A : KWASA NGOKUNYE

### UMBUZO 1

sesibonana. Uthe naye uza lapha esibhedlela," esula ikhala elinanela ukukhala.

"Ayikho into ezoxoxwa Mary, ingane yethu ilimele. Uma ezimisele ngokuxoxa uyolithola enkantolo lelo thuba. Okwamanje kumele kuvulwe icala kuboshwe isaphulimthetho kwaphela nje. Umtshele uGumbi ukuthi ngisho kanjena. Mhlawumbe sizofikana esibhedlela, nami ngiza lapho," efudumala uKaputeni.

Wahlala eduze kwendodakazi yakhe uMary eyayilindele ukuyokhonkwa. Wayezitshela ukuthi idakwe ngumjovo wezinhlungu, wamangala eseyizwa ithi:

"Sawubona mama," ikhulumela phansi.

"Uzizwa unjani mntanami?" esukuma esondela embhedeni ezama ukuyihaga. "Uzizwa unjani kodwa?"

"Kubuhlungu mama. Udokotela uthe ngiphuke ithambo, kodwa ngizoba ngcono. Bathe bazongikhonka, manje angazi ukuthi ngizozibhala kanjani izivivinyo," ngelizothile iphimbo leli.

"Nxese mntanami. Siphatheke kabi nobaba wakho ngalokhu okwenzekile. Sikufisela ukululama okusheshayo," emhlikihla emhlane kucweba nezinyembezi.

"Ngiyabonga mama. Ungakhali ngizoba ngcono."

"Aze akuphule isandla nje lo thisha bekwenzenjani?"

"Ungishayele ukuthi ungene ekilasini ngihleka, yena waihi ngihleka yena."

"Lokho nje kuphela?" ebuza ngokwethuka uMary.

1.1 Yisiphi isikhundla anaso esikoleni unina kaSilvia? (1)

1.2 Ake unabe ngokuthi yini lena eyenza uGumbi avuthele uNomusa kangaka? (2)

1.3 Ake uchaze umthelela ongaba nawo umsebenzi kayise kaSilvia Ekushayweni nguNomusa. (2)

1.4 Ingabe **uyavumelana** noma **uyaphikisana** ngesenzo sikaNomusa? sekela impendulo yakho. (3)

1.5 Yini eyabangela uNomusa ukuba angabe esaya esibhedlela? (1)

1.6 Yiliphi iqhaza lezintatheli emphakathini wethu? (1)

1.7 Ngokubona kwakho yini eyabangela ukuba uNomusa angabe

esaqhubeka nomsebenzi? (1)

1.8 Iyiphi inking abhekene nayo uGumbi? (2)

1.9 Ukuba wena wawunguGumbi wawungayixazulula kanjani le nkinga? (2)

1.10 Kuyinto enhle yini ukuthandana emsebenzini? Sekela impendulo impendulo yakho (3)

1.11 Kusho ukuthinini ukuthi abantu abathandanayo bayiMpumalanga neNtshonalanga? (2)

**[20]**

**ISAMBASESIQEPHU A=20**

## ISEQEPHU B : IQHINGA ELIHLE

### UMBUZO 2

okuhlala khona othisha. Wachusha ngaphansi kwalo ibhilidi eliphakeme elinamakilasi okufundela. Wabe esegibela izitebhisi eseqonde emakilasini aphezulu.

Esefika ehhovisi elalihlala uCele wama. Wadonsa kakhulu umoya maqedane wawudedela. Wayeqoqa isibindi. Wabe esengqonggoza kabili. Kwathuleka. Waphinda futhi, eseshaya ngamandla manje. Namanje akuphenduli muntu. Avule umnyango. Angene. Akukho muntu.

Avale umnyango. Aphume. Uma ephandle ahlangane nomunye umfundi. Abuze kuyena ukuthi akakaze ambone yini uthisha uCele. Amtshele ukuthi ukuphi. Abonge aqonde kulelo kilasi.

Ehle manje ezitebhisini. Ahambe aze ayofika ekilasini likaNgubo lapho akhonjwe khona uCele. Ukhululekile ngoba uNgubo umbonile ephuma ngemoto yakhe. Kusobala ukuthi uCele uyedwa.

Afike angqongqoze.

"Ngena!"

Avule umnyango, asho phakathi uNonduduzo. Nanguya uCele etafuleni elihlala uNgubo. Kukhona okuthile akubhalayo.

"Sawubona thisha wami engimthandayo."

"Yebo." Asho ehleka uCele.

"Pho wangihleka?"

"Ngihlekiswa ekathisha wakho omthandayo."

GR9-P4

2.1 Ngubani igama lengane eyathunywa nguMemu ukuba iyoqabula uthisha (1)

2.2 Bhala isibongo sikathisha okwakuthunyelwe kuye ingane ? (1)

2.3 Bhala isibongo sikamemu owathumela ingane kuthisha. (1)

2.4 Yayiyini inhloso kamemu ngalesi senzo? (2)

2.5 Ingabe uthisha owayezolingwa ingane **wayeqotho**? Yebo noma cha.Sekela impendulo yakho ngokucaphuna endabeni. (3)

2.6 Wayeneminyaka emingaki umfundi owathunywa ngumemu kuthisha? (1)

2.7 Ingabe laphumelela iqhinga likamemu? (1)

2.8 Kusuke kuthakazelwa siphi isibongo uma kuthiwa "Magaye?" (1)

2.9 Kungani kungaba yingozi ukuba uthisha ahlale nomfundi wobulili obuhlukile egumbini lokufunda? (2)

1.10 Ayezofunani amaphoyisa esikoleni? Chaza (2)

**"Ungiphoxelani kodwa ngikwethemba kangaka?"**

1.11 Ngubani owasho la mazwi angenhla abhalwe ngokugqamile? (1)

1.12 Yini eyasiza uthisha ukuba angaboshwa? (2)

1.13 Bhala isifundo osithola kule ndaba. (2)

**[20]**

**ISAMBA SESIQEPHU B=20**

## ISIQEPHU C : UTHANDO OLUNJANI LOLU?

### UMBUZO 3

**Luyanda:** (Ayeke ekwaba ! Kuhungile ke baba khukuma ngitatsela. Yini le ofuna ukwenza ngokwesaba lami baba wami?

**Sheal:** Ekufaneke ungane manje ndodakazi!

**Luyanda:** (Ekhuleke ) Ini? Ngigane baba? Yini yona leyo ekhukuma ngaye baba? Mina ngisemncane kabi. Kanti futhi ngisahuna ukufunda ukuze ngibe wodokotela. Isingtaba sokugana ekeseke kakhulu kimina.

**Sheal:** Sekufike isikhathi manje ndodakazi sokuba ungane. Uyazi ukuthi nguse wedwa lingane yethu. Ngakho amathuba anje ngeke anqaseke

**Luyanda:** Amathuba ani lawo baba? Futhi ke mina angivalo nalelo soka engingashada nalo baba. Noma ngabe kelikhona ngeke ngikwazi ukushada ngisemncane kakhulu. Khumbula baba ukuthi ngineminyaka eli 17 nje kuphela.

**Sheal:** Ungasabi ndodakazi sesikutholele umkhwenyana

**Luyanda:** (Emangele ) Ini? Ayi bo baba uthini manje? Uyazi ukuthi uyangethusa baba. Kodwa ufilelani ngento embi kangaka

**Mafundi:** Uqinisile uyihlo ndodakazi. Eqiniswent besicabanga ukuthi usenjabulela kakhulu le nto ngoba isokwenza ube nekusasa elikhakasile. Yingakho nje sithe ake simre ukuyikhulukuma uze uthole imqhumela yakho esikolent. Kafishane nje kasisekho isidingo sokufunda ndodakazi. Wena unenhlanhla engandele bani. Ake ucabange nje ukuthi mangakanani amantombazana ahlolwayo lapha endaweni kodwa kukhethwe wena nje kuphela. Thina siyithatha njengesibusiso le nto ndodakazi.

**Sheal:** Futhi ke sizobuya nakanjani isithunzi salo muzi ndodakazi. Izinsuzo esizazithola kulo mshado zisosenza sijabule kakhulu njengomndeni.

**Luyanda:** Kuhlangana kanjani ukushada kwami nokubuya kwesithunzi somuzi

3.1 Ngubani umlingiswa osemqoka kulo mdlalo? (1)

3.2 Bhala isibongo sikababa womlingiswa osemqoka. (1)

3.3 Bhala isibongo sikamama womlingiswa osemqoka. (1)

3.4 Ngubani umngani womlingiswa osemqoka? (1)

3.5 Shono inkinga lo mlingiswa osemqoka ayebhekene nayo (2)

3.6 Iliphi isiko elasetshenziswa ukuze umlingiswa osemqoka agcine esesemasangweni asebukhusini ngenkani ?.

**Chaza ngokucaphuna endabeni.** (3)

3.7 Kungani kuyicala ukusebenzisa leli siko esikhathini sethu? (2)

3.8 Ngubani igama lendodana yenkosi? (1)

3.9 Wabulawelani umngani womlingiswa osemqoka? (2)

3.10 Ivezwe njengomlingiswa onjani indodana yenkosi? (2)

3.11 Waphunyuka kanjani umlingiswa osemqoka ebunzimeni ayebhekene nabo? (2)

3.12 Yisiphi isifundo osithole kule ndaba? (2)

**[20]**

**ISAMBA SESIQEPHU C =20**

**AMAMAKI ASEWONKE 60/6 =10**